

Speech by MEC Neliswa Nkonyeni at the APRM Workshop for Traditional Leaders

21 March 2006

All protocol observed.

Ngibonga kakhulu ukuthi abagqugquzeleli balomhlangano wanamhlanje bakhethe usuku luka **March 21** ukuthi kube yilona esibamba ngalo lomhlangano. Singabantu abamnyama balelizwe, lolusuku lubaluleke kakhulu njengoba ngaphambilini bekuba usuku thina esikhumbuzana ngalo, sithandazele abantu bethu abadutshulwa babulawa e **Sharpsville**, kwa**Langa** e **Nyanga** kanye nakwezinye izingxenye zezwe ngoba nje bephikisana nenqubo yobandlululo bethi cha angeke baboshelwe amapasi kulo leli lakwa**Mthaniya**.

VIVA THE SPIRIT OF DEFIANCE!!!

Kuyinjabulo enkulu kithina sonke ukuthi sizohlanganyela lapha nabaholi bethu njengaloku siphezu kombhidlango wokuzihlolisisa, sibheka ukuthi kukuphi lapha siphumelela khona, siphinda sibheka ukuthi kukuphi lapha sishoda khona.

Inhloso yalomkhankaso oqhubeka eAfrica yonkana ukubhekelela ukuthi izinto singamaAfrica sizenza ngendlela ukuze laba abaphumelelayo bazokwazi ukuba usizo nakwabanye, kuthi lapho sihluleka khona, sikwazi ukuba sesimeni sokuthola usizo.

Umthethosisekelo walelizwe uyakuhlonipha ukuba khona kwaMakhosi, uyakuhlonipha nokusebenza kwawo yingakho nje kukhona i ***Traditional Leadership and Governance Framework Amendment Act, 2003.***

Ilizwe lethu leli kumanje liyisibonelo nakwamanye amazwe ase Africa ngalokuhlonipha ubuholi lobu basekhaya. Amakhosi akulelizwe kade kuqalile ukuthi amnywe emazweni afana noGhana kanye no Kenya lapho afike achaze khona ngokusekwa kwezinhloko zawo. Kuba lula ukuthi izimo zokusebenza kwamakhosi ethu zichazeke

njengoba umthethosisekelo unemigomo okusetshenzelwa ngaphansi kwayo, equkethwe i **CODE OF CONDUCT**, yona ethi:

A traditional leader:

- **Must perform the functions allocated to him or her in good faith, diligently, honestly and in transparent manner**
- **Must not conduct himself or herself in a disgraceful, improper or unbecoming manner**
- **Must promote unity among traditional communities**
- **Must promote the principles of a democratic and open society**
- **May not refuse to provide any service to a person on political or ideological grounds, and**
- **Must disclose gifts received.**

Umthetho lona uphinde ucacise nangokusekwa kwemikhandlu okufanele ilekelele ekwenzeni imisebenzi yaMakhosi lula, neyaziwa ngama **Traditional Council**. Ngokomthethosisekelo, kubhekekile ukuthi u one-third wamalunga kube ngabantu besifazane. Umkhandlu lona ubekelwe loku:

- **Assisting, supporting and guiding traditional leaders, in the performance of their functions.**
- **Supporting municipalities in the identification of community needs**
- **Promoting indigenous knowledge systems for sustainable development and disaster management**
- **Performing the functions conferred by customary law, customs and statutory law consistent with the constitution.**

Isizwe sonkana sinxusiwe ukuthi sibambisane siphendule imibuzo emine okuzobhekwa ngayo ingqubekela phambili mayelana nokuthuthukiswa kwezimpilo zaso. Imibuzo lena iphathelene nalemikhakha:

- **Democracy and good political governance**
- **Economic governance and management**
- **Corporate governance**
- **Socio-economic development**

Uma siphendula lemibuzo kufanele ukuthi sibheke ukuthi konje siphuma kuphi njengoba sesibusa nje.

Kufanele sikhumbuzane ukuthi ngenkathi kuthatha uhulumeni wabantu kwaba nezithembiso ze **Better Life for All**. Loku kufanele sikubhekisise ukuthi kuyenzeka yini.

Kufanele siphinde sibhekisise izibophezelo ezinziwa ngenkathi kukhulunywa nge **People's Contract to create jobs and fight poverty**. Lapha sihlola ukuthi iminyango kahulumeni inazo na ezinhlelo zokumelana naloku kanye nanokuthi imiphakathi yethu iyawaphakamela yini lamathuba avezwa intando yeningi.

Kufanele singakhohlwa futhi nawukuthi, kulolukhetho lohulumeni basekhaya esephuma kulo, kumenyeze lwe ukuthi **We have a plan to make local government work**. Lapha kufanele sibheke ukuthi igalelo lethu njengabaholi kanye nemiphakathi lingakanani ukufeza lezinhliso.

Isifundazwe sethu saKwa-Zulu Natal sinabantu ababalelwa ezigidini eziyishumi [10 million]. Ukuthuthukiswa kwabo bonke labantu kusemahlombe abo bonke labo abasezingeni lobuholi.

Masizibuze ukuthi siyawazisa yini umphakathi ngezinhlelo zikahulumeni ezifana:

- **NoMsobomvu**
- **Skills development and Learner ships**
- **Co-operatives**
- **BEE**
- **ASGISA**
- **Comprehensive plan for the management of HIV and AIDS**
- **Siyavuna, yakwa Agriculture**
- **Social grants**

Ekuphenduleni lemibuzo ezosisiza kuloluhlelo lwe African Peer Review Mechanism, masingasabi ukukhipha loku okungasiphathi kahle ukuze izinto zizolunga.

Masazi ukuthi lapha akuhlangenwe ngokugxibha uhulumeni kodwa kuhloswe ukuthi sizihlolisise ukuze zizolunga izinto zethu.

Njengosihlalo waloluhlelo, ngithi mangizwakalise okukhulu ukubonga ngisho ukuthi, ukushiya abathandwa benu kanye nokufudumala kwemizi yenu kukhomba ngokusobala ukuthi niyabathanda abantu enibaholayo, kukhombisa ukuthi

niyasithanda isifunda, nokuthi niyalithanda izwe
lenu kanye ne Africa ngokugcwele.

Phambili ngabaholi abathanda ingqubekela
phambili!!

Phambili nge Africa ethuthukile!!

I wish you a good Human Rights Day.

.

I thank you.